



Drive to
fill vacant
educator
posts in EC

Page 7



SAPS goes
"Back to
Basics" to
fight crime

Page 10

JOBS
INSIDE

32m drought relief



Agriculture, Forestry and Fisheries Minister Senzeni Zokwana has announced funding that will bring relief to farmers affected by the drought.

Priscilla Khumalo

Government has pledged R32 million to help farmers affected by drought.

The Industrial Development Corporation (IDC) has made available soft loans as emergency funding towards working capital, infrastructure and a small portion for carry-over debt for the commercial sector.

A soft loan is a loan with a below-market rate of interest.

Giving an update on the status of drought

relief support to the agricultural sector, Agriculture, Forestry and Fisheries Minister Senzeni Zokwana said the R32 million had already been approved.

"The IDC will consider financial assistance to its existing clients that apply for drought relief support while for non-IDC clients, lending will not be made available directly to the end-beneficiary but rather through National Credit Act-compliant intermediaries like Land Bank and Agri-Business," Minister Zokwana explained.

The Minister said that the loan agreement would be entered into by the IDC and the

relevant intermediary.

"These intermediaries will have to apply to the IDC on a case-by-case basis and a due diligence will be applicable."

In relation to the directive, Minister Zokwana said the department had given provinces 20 per cent - or R226 million in total - of the Letsema grant, initially aimed at boosting food security but which was not going to be used in the immediate future because of the ongoing drought.

Provinces that have applied and received approval include KwaZulu-Natal, Free State, North West, Limpopo, Gauteng,

Mpumalanga and Northern Cape.

The Eastern Cape has applied, while Western Cape has not yet reprioritised, the Minister said.

In Limpopo, an additional amount of R51 million has been set aside, with R20 million going towards the procurement of fodder to assist smallholder and subsistence farmers, while R31 million will be spent on water for livestock.

The Free State has allocated R10.692 million and R29 million from its Equitable Share and Comprehensive Agricultural Support Programme budget to assist subsistence, smallholder and commercial farmers.

The Gauteng province has to date spent R6 200 000 on animal feed, water infrastructure, phosphate licks and de-silting of earth dams.

A total of R7 717 080 was approved in the Northern Cape and has already assisted 257 farmers and helped in the distribution of 2 500 tons of fodder during October and November.

The North West has made available R25 million for drought relief. As at 18 January, 2016, 57 010 bags were distributed and 10 228 farmers received assistance.

An amount of R114 million was allocated in Mpumalanga for procurement of input supply for livestock, water harvesting, aggressive de-worming of livestock and borehole drilling, amongst others.

Meanwhile, Minister Zokwana met with MECs responsible for agriculture to take stock of the current drought and discuss the ongoing relief support provided to affected farmers and livestock owners.

Rural Development and Land Reform Minister Gugile Nkwinti also joined the meeting, which engaged on plans and solutions they can employ from now on.

Minister Zokwana acknowledged that there was a clear picture of the negative impact of drought on crop production, livestock, agro-processing and agriculture infrastructure, as well as food security in all affected provinces.

He highlighted that the department's priority was developing and implementing a climate change adaptation plan and programmes for the sector.

"We will give more support to Climate Smart Agriculture in terms of conservation agriculture," he said.

***For more on how government is assisting farmers see p8.**

OKUQUKETHWE

Protect your retirement savings

Albert Pule

Government has introduced a law that aims to encourage South Africans to save and plan better for their retirement.

In December last year, President Jacob Zuma signed into law the Taxation Laws Amendment Act of 2015 to assist households and ensure that they are not vulnerable to poverty, especially during retirement.

The new law is not aimed at preventing public servants from accessing their pension monies when retiring or resigning.

According to a circular from both National Treasury and the Department of Public Service and Administration (DPSA), the reforms coming into effect next month (March) seek to make provident funds similar to pension and retirement annuity funds.

Retirement Fund Director at National Treasury Alvina Thela said there had been a misunderstanding about the intention of the new law and as a result people were leaving their jobs out of fear that they would lose their money.

"Don't resign because of false rumours. If you resign you will lose a lot of your retirement benefit because the benefit will be taxed heavily. This means that after the tax is paid you will be left with much less money."

"If your savings stay in your fund, your money will grow bigger and you will pay

very little tax on your money when you retire. There will be a lot more money by the time you retire."

BENEFITS OF THE NEW LAW

Thela said that the Taxation Laws Amendment Act had a number of benefits and would help people save money for retirement.

"One of the advantages is that as a provident fund member, you won't be taxed when you put money into a provident fund when you are saving for retirement."

"This is likely to increase your take home pay, so you'll have money that goes into your provident fund that is not taxed meaning that your taxable income will be less and your net pay will be more."

The other benefit, said Thela, is that "you are encouraged to save because now you are able to contribute without being taxed and you will be able to save more for retirement and that will protect you from poverty at old age and protect you from relying on the state or your family members to take care of you".

DIFFERENT TYPES OF RETIREMENT FUNDS

Contributions towards retirement can be done in three different ways namely: by making a contribution towards a pension fund, retirement annuity fund and/or a provident fund.

A pension fund is similar to a retirement annuity fund in that when you contribute to those two funds, you get a tax deduction.



A tax deduction means that the money that goes into that fund is not taxed and this is different from a provident fund. A member that contributes to a provident fund gets taxed when the money goes into that fund.

The other difference is at retirement and when you exit these three products. When you exit from a pension fund or retirement annuity fund, you get a third as a lump sum and the remaining two thirds are paid as an annuity.

A provident fund is treated differently.

When you exit from a provident fund, you get a cash lump sum and your entire savings are given to you at one go.

Thela has also encouraged people who want to resign and cash in on their retirement to get proper financial advice before taking their savings.

"Protect your retirement savings. Your retirement is your future income. Seek financial advice and protect and preserve your money when you change jobs or resign."

Imithetho emisha kahulumeni ephathelene nomhlalaphansi

Imithetho emisha yomhlalaphansi kuhloswe ngayo ukulekela abantu baseNingizimu Afrika ukuba bavikele imali yabo yomhlalaphansi. Nalu ulwazi oluthe xaxa:

EMPELENI YINI EYENZE UKUTHI UHULUMENI ANQUME UKULETHA LE MITHETHO MISHA?

Le mithetho misha kuhloswe ngayo ukuvikela abantu asebethathe umhlalaphansi ukuze bangakhahlanyezwa wububha ngenkathi sebekhulile ngokuthi bakhuthazwe ukuba bonge ingxenyi ethile yomholo wabo ukuze basizakale uma sebethathe umhlalaphansi. Futhi ngalokhu kuhloswe ukwenza lula uhlelo lwezimpesheni olukhona njengamanje kanye nokuqinisekisa ukuthi izikhwama zomhlalaphansi zisbenza ngendlela evulekile futhi esobala.

YIZIPHI IZINGUQUKO EZIZOQALA UKUSEBENZA MHLA LU-1 NDASA 2016?

UMthetho Wokuchibiyela Imithetho Yezentela wezi-2013 kanye nowezi-2015 izoqala ukusebenza mhla lu-1 Ndasa 2016. Le mithetho ivumela amalungu ezikhwama zomhlalaphansi ukuba akwazi ukunciphisa intela ayikhokhayo ngokuthi ingxenyi yemali ekhokhelwa impesheni nyangazonke engafinyelela kuma-27.5% (engafinyelela kwisikhwama seiphele esingama-350 000 amarandi) ngonyaka, ithathwe njengephesenti lomholo wabo elingakhokhelwa intela. Lo mthetho omusha uzokhuphula futhi nesamba esifunekayo uma imali yempesheni izoholwa ngamancozuncozu nyangazonke uma umuntu ethatha umhlalaphansi isuke kuma-75 000 amarandi iye kuma-247 500 amarandi.

YINI INKINGA NGALOLU HLELO OLUKHONA NJENGAMANJE OKUHLOSWE UKUTHI ILUNGISWE NGUMTHETHO OMUSA?

Njengamanje, izikhwama zomhlalaphansi ezahlukahlukene zihlinzeka ngemihlomulo yentela ehlukahlukene. Isibonelo, imali yomhlalaphansi eholwa ngamancozuncozu nyangazonke (*i-retirement annuity*) ivumela ingxenyi yemali yomhlalaphansi edonswa emholweni engakhokhelwa intela engafinyelela kuma-15%, izikhwamwa seiprovidenti (*amaprovident fund*) sivumela ingxenyi engafinyelela kuma-20%, kanti izikhwama zempesheni

(*i-pension fund*) zona zivumela ingxenyi engafinyelela kuma-27.5%. Okwesibili, amalungu esikhwama seiprovidenti asikho isaphulelo sentela astholayo ngemali yomhlalaphansi edonswa emiholweni yawo kanti amalungu ezikhwama zempesheni wona ayasithola isaphulelo sentela. Izikhwama zempesheni nezomhlalaphansi eziholwa ngamancozuncozu ziphoqelela ukuthi ingxenyi yemali ebekelwe umhlalaphansi (okusho ingxenyi engu-2/3rd) ikhokhwe njengomhlo ongamacozuncozu otholwa ngokuqhubekeyo, kanti isikhwama seiprovidenti wona ayavumela umuntu osethatha umhlalaphansi ukuba athathe isamba esisodwa esiphelele esingukheshe.

NGABANTU ABANAYIPHI IMINYAKA YOBUDALA ABAZOTHINTEKA KULO MTHETHO?

Izinguquko ezingumongo ziqondiswe ikakhulukazi kwisikhwama seiprovidenti. Amalungu esikhwama seiprovidenti manje asezothola ingxenyi eyodwa kokuthathu (u-1/3rd) yemali yawo yomhlalaphansi njengesamba esisodwa esiphelele esingukheshe bese kuthi ingxenyi yokubili kokuthathu (u-2/3rd) ayithole njengomhlo ongamacozuncozu otholwa ngokuqhubekeyo. Isibonelo, uma isamba esiphelele semali yomhlalaphansi singama-300 000 amarandi, ingxenyi yalesi samba engama-100 000 amarandi (okusho u-1/3) ingathathwa njengesamba esisodwa esiphelele esingukheshe bese kuthi isamba semali engama-200 000 amarandi (okusho u-2/3) sitholwe ngamancozuncozu. Lolu guquko luqondene KUPHELA nemali yomhlalaphansi ezodonswa emholweni kusukela mhla lu-1 Ndasa 2016. Amalungu esikhwama seiprovidenti nawo asezothola isaphulelo sentela ngengxenyi ethile yemali yomhlalaphansi edonswa emholweni yawo.

KUSHO UKUTHINI UKUHOLWA KWEMALI YOMHLALAPHANSI NGAMANCOZUNCOZU?

Lokhu kusho ukuthi ingxenyi yemali yakho yomhlalaphansi uzoyithola njengomhlo ozonikezwa wona ngamancozuncozu njalo ngenyanga, esikhundleni sokuthola isamba

esisodwa esiphelele esingukheshe.

NGABANTU ABANAYIPHI IMINYAKA EZINTSHA EZIPHATHELENE NENTELA EZIZOKWENZEKA KWISIKHWAMA SEPROVIDENTI?

Manje amalungu esikhwama seiprovidenti asezokwazi, okukuqala ngqa, ukufaka isicelo sesaphulelo sentela mayelana nemali yomhlalaphansi edonswa emiholweni yawo efakwa kwisikhwama zawo zomhlalaphansi. Okwesibili, ingxenyi ekhokhwa ngumqashi wabo efakwa kwisikhwama seiprovidenti yabo isizobhalwa ngokucacile kwiziliphi zomholo wabo. Okwesithathu, uzothi ukukhuphuka kancane umholo oza esandleni wamalungu amanangi afaka imali kwisikhwama seiprovidenti. Okwesine, yonke imali yomhlalaphansi entsha edonswa emholweni (kanye nenzalo yayo) ezofakwa kwisikhwama seiprovidenti emva komhla lu-1 Ndasa 2016 ngabantu abaneminyaka yobudala engaphansi kwama-55 kuzodingeka ukuthi ihambelane nombandela wokuholwa kwemali yomhlalaphansi ngamancozuncozu uma isamba saleyo mali singaphezu kwama-247 500 amarandi (okusho umkhawulo obizwa ngede *minimis*). Uma esethatha umhlalaphansi, wonke amalungu esikhwama seiprovidenti asazovumeleka ukuyithatha njengesamba esisodwa esiphelele esingukheshe yonke imali ebivele isikhona ngaphambi komhla lu-1 Ndasa 2016 esikhwameni somhlalaphansi kanye nenzalo yayo.

NGABANTU ABANAYIPHI IMINYAKA YOBUDALA ABAZOTHINTEKA KULO MTHETHO?

Lawo malungu esikhwama seiprovidenti azobe eseneminyaka yobudala engama-55 mhla lu-1 Ndasa 2016 NGEKE athinteku kule mitthetho emisha uma eqoka ukuphuma kwisikhwama somhlalaphansi akusona njengamanje angene ngaphansi kwasinye. Imali yomhlalaphansi ezothinteka ngaphansi kwalo mthetho yimali yomhlalaphansi yamalungu esikhwama seiprovidenti aneminyaka yobudala ENGAPHANSI kwama-55 ezodonswa emholweni kuphela emva komhla lu-1 Ndasa 2016 (okusho imali yomhlalaphansi entsha edonswa emholweni), futhi lokho kuzokwenzeka kuphela uma isamba sale mali singaphezu kwama-247 500 amarandi.

NGABE LO MTHETHO OMUSA UZOBATHINTA KANJANI LABO ABASHINTSHA UMSEBENZI?

Lo mthetho omusha AWUKUTHINTI NAKANCANE uma usuka kumqashi waho osebenza kuyena njengamanje uyosebenza omunye. Amalungu esikhwama seiprovidenti noma nawesikhwama sempesheni asazokwazi ukushintsha umsebenzi futhi ayithathethe yonke imali yawo yomhlalaphansi, nakuba uhlumeni ebakhuthaza abantu ukuba bayigcine imali yabo yomhlalaphansi esikhundleni sokuyithatha njalo uma beshintsha umsebenzi.

NGABE LO MTHETHO OMUSA UZOSITHINTA KANJANI ISIKHWA MA SOMHLALAPHANSI SABASE BENZI BAKAHULUMENI (I-GEPF)?

I-GEPF ngeke ithinteku kulezi zinguquko njengoba yona vele ikhokha imali esisamba esiphelele esisodwa esingukheshe kanye nempesheni (umholo ongamacozuncozu) kulawo malungu asesebenze isikhathi esingaphezu kweminyaka eyi-10. Kodwa-ke mayelana nentela, amalungu e-GEPF azothola umkhawulo wesaphulelo sentela wengxenyi yemali ekhokhelwa umhlalaphansi ofanayo nalowo oqukethwe kulo mthetho oshiwo ngenhla.

KUNGANI UHULUMENI ESISHA YELA UMTHETHO WOKUTHI SIZOYITHOLA KANJANI IMALI YETHU YOMHLALALAPHANSI?

Lo mthetho wenzelwe ukulekela abantu ukuba balihlinzekele kangcono ikusasa labo ngokuthi babeke imali ezobasiza uma sebethatha umhlalaphansi futhi bathole umholo oqhubekayo. Lo mholo abazowuthola ngokuhubekayo uyabavikela labo asebethathe umhlalaphansi esilingweni yokuyibhubhudla ngokushesha yonke imali yabo yomhlalaphansi bese emva kwalokho bethembela ngokweqile kwizilobu zabo kanye nohulumeni. Ucwaniingo luyakhombisa ukuthi bangaphansi kwama-10% abantu baseNingizimu Afrika abasebenzayo abakwaziyo ukuphila kahle futhi ngokunetchezeka uma sebethathe umhlalaphansi.

Ngolwazi oluthe xaxa yiya ku:
www.treasury.gov.za

UHULUMENI WASEKHAYA

uMasipala Wedolobhakazi laseMangaung uletha intuthuko

Noluthando Mkhize

Ukuletha izinsizakalo eziyisisekelo ezakhambuzini kuyinto ephambili kuMasipala wedolobhakazi laseMangaung. Leli dolobha, eliwukuphela kukamasipala olidolobhakazi eFreyistata, lakiwe yizindawo ezintathu: iThaba Nchu, iBotshabelo ne-Bloemfontein. USodolobha waseMangaung uThabo Manyoni wathi kuye kwaba yinto esemqoka kumasipala ukuletha intuthuko nokuqinisekisa ukuthi izinsizakalo eziyisisekelo zensiwa zibe ezesimanje futhi zilungiswe njalo.

AMAKHAYA AHLONIPHEKILE KUBO BONKE

Kusukela ngowezi-2011, umasipala usenikeze abantu abangaphezu kwezi-69 000 izindlu ezingaphezu kwezi-23 000.

Abanye abantu abayizi-144 126 abamelela imindenengaphezu kwezi-48 000 manje sebenezimvume zezia namatayitela, okungeminye yemisebenzi emihle yalo masipala.

"Leli dolobha liye lanikeza eminye imindenengaphezu kwezi-16 000 ilungelo lokuba ngabanizai beziza ngokuthi lakhe izindawo zemijondolo ezingaphezu kwe-19 kuze kubemanje.

"Ezinye izindlu zomxhaso ezingama-595 ezizohalisa abantu abayi-1 785 zizoqedwa ekupheleni konyaka wezimali wezi-2015/16.

"Ukwakha izindlu zokuhlala sekuqualile e-Dark City nase-Silver City, futhi izindlu ezingama-800 ezizohalisa abantu abayizi-2 400 zizoqedwa ekupheleni kukaNhlaba 2016.

IDOLOBHA ELINAMATHUBA KUBATSHALIZIMALI

USodolobha uManyoni wengezele ukuthi leli dolobha lilungiselwa ukuthi lihehe labo abangase batshale izimali ukube basize ngamaphroekthi okuthuthukiswa enziwayo kuleli dolobha.

Leli dolobha selenze notshalo-mali olukhulu ekuthuthukiseni indawo ezungese isikhumulo sezindiza. Lokhu kuye kwabizwa ngokuthi Isizinda Sokuthuthukiswa Kwasikhumulo Sezindiza futhi kuhloselwe ukualisa intuthuko lapha.

"Lena yiprojekthi yethu enkulu kakhulu futhi siqale ngokuhlinzeka ngengqalasizinda edingekayo, njengedamu lase-Naval Hill kanye nePlanti Yokuhanzwa Kwamanzi Angcolile eseNyakatho Mpumalanga.

Njengamanje sinezindlu zokuhlala ezintsha ezbalelwema-250 eziye zavela ngenxa



I-Brandwag Social Housing izonikeza amanye amathuba okuthola izindlu zomxhaso emiphakathini yethu futhi iqinisekise ukuthi imindeniyalabo abazothola lezi zindlu iseduze namathuba omsebenzi nezinye izinto.

yokuthuthukiswa komgaqo u-N8 eduze nesikhumulo sezindiza, futhi sikulumuna nje isibhedleli siyakhiwa."

Wanezela ngokuthi ukuthuthukiswa kwezindawo zomnotho iBotshabelo neThaba Nchu kungamaphrojethi aleli dolobha abaluleke kakhulu ngoba ahloselwe ukulungisa umonakalo owdalwa ubandlululo ngokusondeza intuthuko namathuba omnotho kubantu.

"Leli dolobha, lisebenza nohulumeni wesfundazwe, lizotshala imali ebalelwaezigidini zamarandi ezingama-40 ekuthuthukisweni kwalezi zindawo. Lezi ziyoohlanganisa ukuthuthukiswa kwamabhizinisi asezindaweni zasemakhaya, ukulethwa kwemikhankaso yentuthuko ehlukahlukene, izindawo zokuthengisa nezokungcebeleka kanye nezindawo zomphakathi.

"Lezi zindawo zomnotho ziyoheha abanye abatshali-zimali kulesi sifunda futhi lokho kuyovula amathuba emisebenzi kulezi zindawo ezimbili."

AMANYE AMAPHROEKTHI OKUTHUTHUKISWA KOMHLABA:

- Ukusungulwa kwelokishi lase-Brandkop 702 – esinye seziqephu zomhlaba zokwakhwa kwezindlu ezixubile kuleli dolobha, okulinganisela ukuthi kuyodla izigidi zamarandi ezyi-16.
- Ukusungulwa kwelokishi lase-Cecilia Park – esinye seziqephu zomhlaba zokwakhwa kwezindlu ezixubile kuleli dolobha, okulinganisela ukuthi kuyodla izigidi zamarandi ezingama-20.
- Okuthuthukiswa Kwasikhumulo Sezindiza njengeNdawo Yokuhanzwa Komnotho, iprojekthi

yezigidi zamarandi ezingama-97.

• Ukusungulwa kweSikhungo Samaloli Ahamba Amabanga Amade, iprojekthi yezigidi zamarandi ezingama-35.

"Ukusungulwa kwalezi zidleke akuhloselwe nje kuphela ukunciphisa ukuthembela ngokweqile e-Bloemfontein njengesikhungo sezomnotho kodwa futhi kwenzelwe ukuvuselela, nokusungulwa kwamathuba ezomnotho kwezinye izindawo kulo masipala."

Wanezela ngokuthi leli dolobha liyotshala nemali eyizigidi zamarandi ezyi-19.95 ezitendini zabathengisi ngaphakathi emadolobheni ase-Botshabelo nase-Thaba Nchu.

UKULAWULWA OKUHLE KWEZIMALI

USodolobha uManyoni wathi lapha athatha izintambo ngowezi-2011, isimo sezimali kulo masipala sasingesihle kahle.

"Singasho kugciale umlomo ukuthi njengamanje sinemali eyizigidigidi zamarandi ezingu-1.1 uma iqhathaniswa nezigidizi zamarandi ezingama-246.4 ngowezi-2011. Lokhu kubonisa ukuthi iye yakhulangezigidizi zamarandi ezingama-855.8, ngokuphindle kathathu kunezimo zezimali zangaphambilini."

"Okubaleke kakhulu ekusebenzeni kwethu njengedolobha kuye kwaba yikhono lethu eminyakeni yezimali embalwa edlule lokuzinzisa isimo sezomnotho sedolobha," esho.

Leli dolobha liye lawenza ngcono umbiko walowokucwaningwakwamabuku kusukela kumbiko wokucwaningwa kwamabuku omuhle kepha onezinto ezimbalwa ekufanelwe zilungiswe kuya ekutholeni

•••

umbiko ongenasici ngonyaka wezimali wezi-2013/14 kuMcwaningimabuku Jikelele uKimi Makwetu.

UKUTHOLA AMANZI

Kusukela ngowezi-2011, uMasipala Wedolobhakazi laseMangaung ufaeompompi emizini ebalelwaezi-219 000.

"Ibalelwaezi-159 000 imizi eye yanikezwa izinga eliyisisekelo lamanzi okuphuza angaphezu kwezinga Lohlelo Lokuthuthukiswa Nokwakha Kabusha (i-RDP). Ngaphezu kwalokho, ibalelwaezi-40 000 imizi empofu enikezwa amakhilolitha ayi-10 amanzi amahhala."

"Ekusabeleni ezinseleleni zamanje ezibhekene naleli dolobha mayelana nokushoda kwamadamu amakhulu okugcina amanzi, leli dolobha selisungule uhlelo oluyisipesheli oluhloselwe ukwandisa umthamo wamadamu alo nokunweba amapayipi amakhulu amanzi ukue afinyelele ezindaweni ezintsha."

Le phrojekthi kulindelele ukuba isize ekuvuleni amathuba okuthuthukiswa kwezindawo ezinjengeSikhumulo Sezindiza, i-Cecilia Park ne-Vista Park.

"Sizibophezele ekuqede emuva kwinguqalasizinda yokuthuthwa kwendle phakathi neminyaka eyisithupha, futhi ukue sisekele lokhu, sizibophezele ekwakheni amadamu amasha ayisikhombisa."

"Kulawa, amabili aseqediwe kakade ku-45ML Longridge no-35ML Naval Hill. Umthamo ongathwalwa yiSikhungo Sokuhlanza Amanzi Angcolile sase-Sterkwater uye waphindeka kabilu kusuka emalitheni ayizigidi ezyi-10 kuya emalitheni ayizigidi ezingama-20."

"Lo mthamo owandisiwe uzokwazi ukusingatha izinto ezintsha ezenziwa kuleli dolobha, njenge-Hillside View Development, i-Vista Park, Lourier Park ne-Rocklands."

UKUTHUTHUKISA INTSHA YAKULELI DOLOBHA

Leli dolobha muva nje licalise uhlelo lokuthuthukiswa kwentsha ngezomnotho libambisene ne-ABSA. Lolu hlelo, oluqale ngabayizi-3 000, luhlose ukunikeza intsha engasebenzi amathuba okuqequesha nokuthuthukiswa emsebenzini.

"Lolu hlelo luzogxila ekulungisweni kwinguqalasizinda yemigwaqo, ukukhonka, ukusebenza ngogesi, kanjalo nobuchwepheshe bolwazi nezokuxhumana."

"Ingaphezu kwezigidi zamarandi ezingama-40 imali ebekelwe lolu hlelo ngonyaka wezimali wezi-2014-15."

Izindlu ezintsha zibuyisa isithunzi

Albert Pule

Njalo lapho amafu eqoqana esibhakabhakeni ngenkathi yeziyvula eMarikana, uKatiso Emmanuel Makhabane wayeba nexhala. UMakhabane nomakhelwane wakhe babezibuba ukuthi kazi imikhukhu yabo izokwazi yini ukumelana nemvula.

"Ngelineye ilanga lana kakhulu kangangokuba umkhukhu wami wagcwala amanzi futhi zonke izinto zami zaba manzi te. Kwakugcwele amanzi yonke indawo. Kwakukubi ngempela," esho.

Sezidlulile lezo zinsuku kuMakhabane ngenxa yesivumelwano sokusebenzisana phakathi koMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu ne-Lonmin Plc.

Ngalesi sivumelwano, uMakhabane manje usengumnikazi wendlu kanokusho enamagumbi amane esanda kwakhiwa eMarikana West, ngaphandle nje kwase-Rustenburg. Unamanzi ompompi, ugesi futhi uzizwa ephephile.

Isingaphezu kwe-13 iminyaka uMakhabane ehlala emkhukhwini endaweni okuthiwa i-Marasmus eNyakatho Ntshonalanga, engenxa,

engenayo ingqalasizinda yokuthuthwa kwendle futhi engenandawo yokukhosela ekahle.

"Akukho muntu ofanelwe yileya ndawo. Ayikho imigwaqo ekahle, akukho gesi, akukho manzi futhi besizizwa singaphephile."

Le ndlu enamagumbi amane inekhishi, indlu yokudlela, amakamelu okulala amabili, negumbi lokugezel.

Ebangeni eliqhele ngamamitha ambalwa endlini kaMakhabane, kakhulu omunye naye owayehlala eMarasmus, uSenzelinceba Grigana ojabulela ukuxoxa nomakhelwane wakhe.

UGrigana (oneminyaka engama-44) naye usephumile emijondolweni waba umnikazi wendlu. Uthi usezizwa njengomuntu ovamile futhi.

"Ngezinye izikhathi ngangizizwa sengathi angiyena umuntu ovamile njengoba ngangihlala kuloya mkhukhu, leya ndawo ayifanele ukuthi ingahlala noma yimuphi umuntu," kusho uGrigana.

"Ukusuka kuleya ndawo ngize lapha kwenze umehluko empilweni yami. Ngizizwa ngiphephile futhi ngingalala ngokuthula njengoba ngazi ukuthi ngeke



Izindlu ezintsha eMarikana West ngeke nje zibuyise isithunzi kuphela kodwa futhi zizoletha nentuthuko kule ndawo.

nghlaselwe izigebengu ebusuku," esho

AMAKHAYA AHLONIPHEKILE

Umhlabo ongamahektha angama-50 wanikelwa yi-Lonmin ngoMfumfu 2013 futhi uzoba nezindlu ezixubile ezyi-2 600.

Lezi zindlu ziphakathi kwezinhlelo zezindlu ezine, i-Breaking New Ground (BNG), i-Community Residential Units (CRUs), i-Social Housing ne-Finance Linked Individual Subsidy Programme.

Esigabenisokuqala sokwakha kulindeleke

ukuba kwakhiwe izindlu ezingama-292 ze-BNG nezingu-252 ze-CRU.

Izindlu ezintsha ze-CRU kulindeleke ukuba zinikezwe abanye abahlali base-Marikana, kuhlanganise no-Lesego Molemane oneminyaka engama-33 njengamanje oqashe ikamelo nomyeni wakhe nendodakazi yabo, futhi ungomunye wabantu abazothola izindlu ezintsha ngokushesha.

"Ngibheke phambili ekutholeni indlu ethi mina futhi ngingakhokhi imali yokuqasha. Sengijahe ukungena emzini wami omusha," esho.

Ukuqhubelekisela phambili uMasipala waseThekwini



UMasipala waseThekwini uyaqhubeuka uzikhanda ukuze uthuthukise impilo yezakhamu zayo.

Gugu Sisilana

Ngwezi-2030, i-Durban izoba lidolobha lase-Afrika elinakekela kakhulu nelinezinga lokuphila eliphezulu kakhulu. Lona umbono wesikhathi eside kaMasipala waseThekwini.

"Lo masipala ubulokhu ushintsha izimpilo zabantu uzenza zibe ngcono kusukela ngokhetho lokuqala lukahulumeni wentando yeningi labantu eNingizimu Afrika ngowe-1994.

"Ngowezi-2015, i-Durban laqanjwa ngokuthi idolobha laseNingizimu Afrika eliphambili kakhulu nelinezinga lokuphila eliphezulu kakhulu kwinhlolo-vo yamazwe ngamazwe ye-Mercer. Lokhu kufakazela ukuthi leli dolobha linolunye lwezinhlalo zokunikeza kwezinsizakalo olungcono kakhulu e-Afrika futhi liyahubeka linomthelela omuhle ezimpilweni zezakhamu zalo eziyizigidi ezingu-3.4," kusho uSodolobha waseThekwini u-James Nxumalo.

Eminyakeni engama-20 edlule, umasipala waseThekwini wakhe izindlu ezingaphezu kwezi-200 000 wakhela izakhamu zezimpofu ezibalelwaa ezi-500 000.

UKWAKHA AMAKHAYA AHLONIPHEKILE

Iphroekthi yokwakha izindlu ezibiza imali eyahlukile ebiza izigidigidi zamarandi ezingama-25 okuthiwa i-Cornubia izohalisa izakhamu zeziningi ezisadinga izindlu ezingabizi kakhulu. Le phroekthi izohlanganisa imizi eyizi-28 000 ezobhekelela abantu abanamazinga ahlukahlukene emiholo. Eziyizi-15 000 zizoxhaswa noma kuzoba izindlu zalabo abahola imali ephansi. Le phroekthi, eseduze nezindawo zamathuba omnotho, nayo ithuthukisa ukuhlangana ndawonye kwemiphakathi ehlukahlukene

yazo zonke izinhlanga.

OKUFINYEELWE EKUNIKEZWENI KWEZINSIZAKALO

- Umasipala uphakela ugesi kumakhaisimende angaphezu kwezi-730 000 endaweni engaphezu kwamakhilomitha ayizi-2 000 eziphindiwe. Ugesi uthengwa ku-Eskom ngamavolthi ayizi-275 000. Inethiwekhi kagesi iye yalungiswa ukuze ikwazi ukuthwala ukukhula nezindawo ezintsha ezixhunywayo, okuhlanganisa ukufakwa kukagesi ezindaweni zemijondolo kuleli dolobha, okube yingqikithi yezi-13 342 ngoku hamba kweminyaka.
- Umasipala waseThekwini unikeza amakhilolitha ayisishiyagalolunye amanzi amahhala emizini enezindlu ezibiza imali engaphansi kwezi-250 000 zamarandi.
- Leli dolobha linakekela izinkundla zemidlalo yebhola likanobhuntshuzwayo ezingama-336, amahhola omphakathi ayi-163, amapaki ayi-141, izindawo zamathuna ezingama-65, imitapo yezincwadi engama-95, iminyuziyemu eyisishiyagalolunye namadamu okubhukuda angama-52.
- Uhlelo Lokuncishwa Kobubha LweZibambele lakuleli dolobha selwakhe imisebenzi ebalelwaa ezi-6 000.
- Umasipala waseThekwini utshala imali kumaphrokthi abalulekile azokwakha imisebenzi yesikhathi eside engaphezu kwezi-680 000 ngokuhamba kwasikhathi.
- Lo masipala uhlanza amanzi endle angaphezu kwamakhilolitha ayizi-491 000 nsuku zonke, uqinisekisa ukuthi izakhamu zinempienhle kulo lonke leli dolobha.
- Uhlelo Lwase-Durban Lwamabhasi Asheshayo, i-Go!Durban, Izothutha

abagibeli abayizi-600 000 kulo lonke leli dolobha.

IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISWA KWENTSHA

Lo masipala ususungule iHhovisi Lokuthuthukiswa Kwentsha njengengxenye yohlelo lukaSodolobha lokuqinisekisa ukuthi abantu abasha babamba iqhaza emnonthweni wezwe.

Lolu hlelo luzokwenza kwakhiwe izinqubomgomu zokuthuthukiswa kwentsha ezizoba ngumhlahlandlela emkhandlwini phakathi nokuhlanganisa nokuqaliswa kwezinhlleo zokuthuthukiswa kwentsha futhi luzoletha izinsizakalo ezihlukahlukene, amathuba nokusekelwa kwentsha.

Ngokuvumelana nezinhlelo zokuthuthukiswa kwentsha zikahulumeni kazwelone, lo masipala ubeke eqhulwini ukuthuthukiswa kwentsha namakhono ngokwabela izigidi zamarandi ezingama-65.8 emikhankasweni yokuthuthukiswa kwentsha onyakeni wezimali wezi-2015/16.

UKUSEKELWA KOSOMABHIZINISI ABASHA

- Phakathi neminyaka edlule, lo masipala uye wasekela abaklami bemfashini abasha nabasafufusa. Balinganisela e-100 abaklami bezimfashini abaye bafundiswa amakhono ebbizinisi nawokusebenza, futhi banikezwa ithuba lokuxoxisana nochwepeshe bakulo mkhakha kanti abangama-34 baye bathunyelwa ohlelweni lokufunda usebenza Iwamazwe ngamazwe e-Milan, e-Italy. Lolu hlelo seluqalile ukuthela izithelo ngoba abanye abaklami bezimfashini banamabhizinisi aphumelelayo.
- Lo masipala utshale nemali engaphezu kwezigidi ezingama-77 zamarandi eMbukisweni Wamabhizinisi Wase-Durban eminyakeni engaphezu kweyi-15 edlule. Lo mkhankaso uye waba yimpumelelo kakhulu futhi izinkampani ezincane eziholwa yintsha ziye zenza kahle kakhulu. Ezinye zalezi zinkampani ziye zenza inzuso engaphezu kwezigidi zamarandi ezingama-R50 futhi ziye zakha amathuba emisebenzi esimeme angaphezu kwezi-2 000.
- Izinhlelo zokuthuthukiswa kwentsha ezesemqoka ezaqaliswa umasipala ngoNhlangulana 2014 zihlanganisa iSikhwama Sosizo Lwezimali Zabafundi esinikeza imifundaze kubafundi

abavela emakhayeni antulayo ukuze kuqinisekiswe ukuthi bayayithola imfundu.


- INdebe KaSodolobha, ehloselwe ukugugquzelu intsha ikuba ibe neqhaza kwezobuciko, ezamasiko, ezemidlalo, ezokungecebeleka namagugu esizwe ukuze kwakhiwe umphakathi ohlanganisa bonke abantu, yembulwe ngonyaka odlule.

UMASIPALA WASETHEKWINI USUYILUNGELE IMIDLALO YOWEZEI-2022

Umasipala waseThekwini uzoba idolobha lokuqala lase-Afrika elizosingatha iMidlalo ye-Commonwealth ezoba ngowezi-2022 ngemva kwesimemeloz sangoMandulo nyakenye.

Izindawo zemidlalo ezingaphezulu kwama-80% sezikhona kakade. Amalungiselelo alo masipala okusingatha le midlalo ahamba kahle.

"Sizosingatha le midlalo egameni lezwakazi



lase-Afrika elingaba nabantu ababalelwaa esigidigidi. Lokhu kuyingqopham-mlando ngempela ngoba kuzobe kungokokuqala ngqa ukuba le midlalo ize e-Afrika," kusho uNxumalo.

"Le midlalo izosetshenziselwa ukuthuthukisa ubumbano emphakathini nokwakha isizwe sethu. Ukusingatha le midlalo kuzonikeza intsha yethu ithuba lokubukisa ngamathalenta ayo enkundleni yomhlaba wonke ngowezi-2022. Sifuna ibe ompetha bakusasa," enezela.

*Gugu Sisilana usebenzela uMasipala waseThekwini.

Konke odinda ukukwazi ngamavothi akhethekile

Abantu baseNingizimu Afrika bazoba nethuba lokuqinisa ukubusagentando yeningi labantu ngokovota kuKhetho Lohulumeni Basekhaya ngasekupheleni kwalo nyaka.

Ngokuvota, abantu baseNingizimu Afrika bakhetha abaholi ababathandayo abazosiza ekuthuthukiseni izinga lezimpilo zabo.

Izakhamu zingakwazi ukubheka isimo sazo sokubhalisela ukuvota ku-Intanethi, ngokuthumela nge-SMS inombolo yazo kaMazisi ku-32810 noma zizinike isikhathi zivakashele ehhovisi lendawo Lekhomishani Ykhetho Ezimele (i-IEC).

AMAVOTI AKHETHEKILE

Ivoti elikhethekile livumela lowo obhalisele ukuvota, ongeke akwazi ukuvota esikhungweni sakhe sokuvota ngosuku lokhetho, ukuba afake isicelo sokuvota osukwini olubekwe kusengaphambili ngaphambi kosuku lokhetho.

Akubona bonke abantu abafanelekela ukuthola ivoti elikhethekile. Labo abafisa ukufaka isicelo sevoti elikhethekile kumelwe:

- Babe abavoti ababhalisile.
- Babe nomazisi oluhalza onamagabelo, umazisi oyikhadi noma isitifiketi

sikamazisi sesikhashana esisebenzayo (bangafaka isicelo ehhovisi Lomnyango Wezasekhaya).

- Bahlangabezane nemibandela yohlobo oluthile lokhetho (bheka ngezansi).

INGABE NGIYAFANELEKA YINI UKWENZA IVOTI ELIKHETHEKILE?

Ungafaka isicelo sevoti elikhethekile uma:

- Ungeke ukwazi ukuhamba uye esikhungweni sokuvota ngoba ugula, ukhubazekile noma ukhulelwe noma ungeke ukwazi ukuvota esiteshini sokuvota sangakini ngosuku lokhetho.

NGIVOTA NINI?

Ngokomthetho, amavoti akhethekile angenziwa kuphela ngosuku/ngezinsuku ezishiwo ohlelweni lokuvota futhi akukho okuhukile kunalokho okuyokwensiwa.

NGIVOTA KUPHI?

- Uma ungenakwazi ukuhamba uye esikhungweni sokuvota obhalise kuso ngoba ugula, ukhubazekile noma ukhulelwe, ababekelisikhungo sokuvota bayokuza kuwe endaweni ohlala kuyo

(kumelwe kube sesifundeni sokuvota obhalise kuso) futhi bakuvumele ukuba uvote.

- Uma ukwazi ukuhamba, kodwa ungenakwazi ukuvota esikhungweni sokuvota obhalise kuso ngosuku lokhetho, uoyvota esikhungweni sokuvota obhalise kuso ngalolo suku olushiwo ohlelweni lwezikhathi sokhetho (ngokuvamile osukwini olulodwa noma ezimbili ngaphambi kosuku lokhetho).

KWENZEKANI UMA NGIFAKA IVOTI ELIKHETHEKILE?

Uma isicelo sakho sevoti elikhethekile siphumelele, uyovota ngale ndlela elandelayo:

- Isithupha sakho sifakwa uphawu lukayinki ongasuki.
- UMazisi wakho ufakwa isigxivizo.
- Uthola iphepha/amaphepha okuvota afanele.
- Ufaka uphawu ephepheni lokuvota ngasese, ufake amaphepha okuvota envilophini engabhalwe lutho futhi uiyavile.
- Leyo mvilophu engabhalwe lutho ifakwa kwenye imvilophu ebhalwe igama lakho,

inombolo kaMazisi nenombolo yokuvota yesifunda sakho. Ukusetshenziswa kwezimvilophu ezimbili kwenzelwa ukuqinisekisa ukuthi ivoti lakho liyimfihlo (le mvilophu engaphandle iyalahlwaa ngaphambi kokuba kubalwe amavoti).

- Izikhulu ze-IEC zithatha le mvilophu bese ziyibeka ebhokisini lokuvota elivikelekile lamavoti akhethekile.
- Igama lakho liyacishwa oHlwini Lwabavoti kubhalwe ukuthi "SV" okusho ukuthi usulifakile ivoti elikhethekile.

Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, xhumana ne-IEC lapha:
0800 11 8000 uma unemibuzzo mayelana nokhetho. Isikhungo sokuxhumana sivuliwe kusukela ngoMsombuloko kuya ngoLwesihlanu, kusuka ngehora lesi -7 ekuseni kuya ngele -9 ebusuku